

# Ukufunda ngamaqembu okuholwayo

## Ngaphambi kokufunda

- Phenya amakhasi endaba abazoyifunda.
- Tshela abafundi ukuba baqagele ukuthi indaba izoqhubeka kanjani uma kususelwa esihlokweni nasemifanekisweni.
- Yethula amagama amasha noma alukhuni ngaphambi kokuba abafundi baqale ukufunda incwadi.
- Yenza amakhadi amagama ukwethula amagama amasha. (Thola uhlu lwamagama amasha ngaphakathi.)

## Ukufunda kokuqala

- Abafundi kumele bafunde umbhalo ngamunye.
- Abafundi kumele bafunde buthule noma “bawufunde ngokuhleba” umbhalo.
- Suka kumfundi uye kolandelayo, ucele umfundi ngamunye ukuba afunde isigaba sombhalo kuzwakale.

## Ingxoxo

- Funda imibuzo yokuqondisisa esuselwa embhalweni.
- Gxila emisindweni, emagameni ajwayelekile kanye nasemagameni amasha.
- Uyothola imisebenzi esekugcineni kwale ncwadi ilusizo ekuholeni ingxoxo. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

## Ukufunda kwesibili

- Ezinsukwini ezilandelayo,nikeza abafundi ithuba lokuyifunda futhi incwadi, ngababili noma ngamunye.
- Gxila ekufundeni ngokugeleza, ekusetshenzisweni kolimi nasemagameni amasha.
- Abafundi mabaqedele imisebenzi yeqembu eholwayo etholakala ngemuva kwale ncwadi. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

Abafundi mabadlale balingise okwenzeka endabeni uma umbhalo uvumelana nalokho.






Abafundi kumele benze imisebenzi yokufunda ngamaqembu ngemva kokufunda. Abafundi mabasebenze ngamaqembu ukuqedela imisebenzi efanele etholakala ngemuva kule ncwadi. Imisebenzi ebhalwayo kumele yenzelwe ezincwadini zokubhalela, hhayi kule ncwadi.

UMatibhane kwakuyiloli elincane eliphuzi. Wayefisa ukuba mkhulu.


Isitimela esiluhlaza sasibhakabhaka sidlula sihamba ngesivinini esiphezulu.

"Ngifisa sengathi ngabe bengiyisitimela esiluhlaza sasibhakabhaka esinesivinini" kusho uMatibhane.



Emva kaloko, wabona ibhasi elikhulu elisawolintshi.

"Ngifisa sengathi ngabe bengiyibhasi elikhulu elinombala osawolintshi" kusho uMatibhane.



Emva kwesikhathi, uMatibhane wabona indiza emhlophe,enkulu, ecwebezelayo, indiza phezulu esibhakabhakeni.

"Ngifisa sengathi ngabe bengiyindiza emhlophe ecwebezelayo" kusho uMatibhane.


UMatibhane wayebukeka ekhathazekile ngenkathi kuqhamuka iloli elikhulu elibomvu.

Ngifisa sengathi ngabe bengiyiloli elikhulu elibomvu” kusho uMatibhane.





Ngaleyo ntambama, ngenkathi uMatibhane ephumule eduze komfula, wabona isikebhe esikhanyayo esiluhlaza satshani. "Ngifisa sengathi ngabe bengiyisikebhe esiluhlaza satshani esigqamile" kusho uMatibhane.

Emva kwalokho, uMatibhane wabona imoto ebomvu yomjaho. "Ngifisa sengathi ngabe benginejubane elifana nelemoto ebomvu yomjaho" kusho uMatibhane.




Khona manjalo, uMatibhane wabona umfanyana ephonseka emfuleni.





"Ngisizeni bo!" kumemeza umfanyana.




"Ngubani ongangisiza?"



Ngisizeni bo!


"Mina ngeke ngikwazi,"
kusho isitimela.
"Angikwazi ukuma."



"Nami ngeke ngikwazi," kusho
ibhasi. "Ngima kuphela ezitobhini
zamabhasi."








"""Nathi ngeke sikwazi," kusho iloli
nemoto yomjaho.
"Asikwazi ukungena emanzini."



"Nami ngeke," kusho indiza. "Ngiphezulu kakhulu."

"Nami futhi ngeke," kusho isikebhe. "Kunomoya omkhulu, ngeke ngikwazi ukujika."



"Ngizokusiza-ke mina!" kusho iloli elincane elinesibindi.

Lachitha amatshe elaliwathwele, ladedela isichithi sangena emanzini ukuze umfana abambelele kuso aphume.

"Nakho ke!..." kumemeza umfanyana. "Ngiphephile!"

"Ngiyabonga loli eliphuzi elinesibindi!" kusho umfana.

Akudingeki ukuthi uze ube mkhulu ukuze ube nesibindi.













# Amaloli

Omatibhane bathwala imithwalo esindayo. Basetshenziselwa ukuthwala isihlabathi nezitini.
Uma sekufanele bachithe isihlabathi, basichitha lapho sidingeka khona.



















# Izithuthi zezimo eziphuthumayo

Abantu abasisizayo, bashayela izimoto ezikhethekile.
Abacishimlilo ezimotweni zezicishamlilo basebenza ukucisha umlilo.
Uma ugula sibiza i-ambulense.
Uma kunengozi yezimoto, sibiza imoto edonsa ezinye.
Uma kunengozi enkulu, sibiza indiza enophephela emhlane.
Uma sibiza amaphoyisa, afika ngemoto yamaphoyisa.















# Umsebenzi wokufunda ngamaqembu



1 Sebenzisa lezi zithombe ukuxoxela umngani wakho indaba.






2 Funda bese utshela umngani wakho izimpendulo zale mibuzo.

a. Sithini isihloko sale ndaba?
b. Ngubani igama lomlingiswa oqavile?
c. Yisho izinto ezimbili uMatibhane ayefisa ukuba yizo.
d. Sazi kanjani ukuthi uMatibhane wayenesibindi?



4 Bhala amagama akukholomu yokuqala. Emva kwalokho, bhala amagama anomsindo ofanayo nalawo akukholomu yokuqala.

| | | | |
|---|---|---|---|
| uMatibhane | idolo | uVeli | isilo |
| imoto | izozo | imbali | isisu |
| isikebhe | isineke | ihlathi | indlebe |
| gibela | inunu | ibhasi | vimbela |
| gijima | bukela | sukuma | zumeka |
| ndiza | geza | siza | babaza |



5 Encwadini yakho yokubhalela, bhala imisho emi-4-6 **ngoLeli iloli.**
Dweba isithombe esichaza indaba yakho.
Bhala isihlokwana sesithombe.

# IBANGA LOKU-1 ULIMI LWASEKHAYA

Izinga lesi-2

## Incwadi yesi-4

| | |
|---|---|
| **Isihloko:** | ULeli iloli |
| **Ulimi:** | IsiZulu |
| **Izinga:** | Ibanga loku-1 Ulimi Lwasekhaya Incwadi yokufunda Izinga lesi-2 Incwadi yesi-4 |
| **Uhlobo lombhalo:** | Indaba |
| **Amagama ejwayelekile:** | umfana memeza, ndiza, isitimela, phezulu, ibhasi, umfula, elibomvu. |
| **Imisindo:** | satshani, isibhakabhaka, isichithi, umjaho, phonseka, isihlabathi, qhamuka, manjalo. |
| **Ulwazimagama:** | a, e, i, o, u, b, c, d, f, g, h, j, k, l, m, n, p, q, r, s, t, v, w, x, y, z, hl, ch, sh. |
| **Okuqukethwe, imiqondo namakhono:** | ▪ Usebenzisa izithombe aphinde ayixoxe indaba.<br>▪ Ufunda aphendule imibuzo yokuqondisisa.<br>▪ Uthola amagama anomsindo ozwakala ufana.<br>▪ Ubhala imisho emi-4-6 ngale ndaba.<br>▪ Udweba isithombe aveze okusemqoka ngale ndaba.<br>▪ Ubhala isihlokwana sesithombe sakhe. |

ICAPS ifuna ukuba othisha babeke eceleni isikhathi nsuku zonke sokubhekana nokufunda kweqembu okuholwayo. Ukufunda kweqembu okuholwayo kudinga abafundi asebesezingeni elifanayo lokwazi ukufunda umbhalo ofanayo emaqenjini, beholwa nguthisha.

Ekufundeni ngamaqembu okuholwayo, othisha bahola abafundi abasezingeni elifanayo lokufunda ekufundeni incwadi efanayo beseqenjini.

Isikhathi sokufunda kumele simbandakanye izinhlobo zamasu ehlukahlukene zokufunda nokuqondisisa okudingwa abafundi uma befunda.

Isu lokufunda ngempumelelo lidinga futhi ukuxoxisana ngombhalo phakathi kukathisha nabafundi, naphakathi kwabafundi emaqenjini.

Lezi zincwadi zinemisebenzi yokuqondisisa kanye neminyaka ehambelana nokufunda ngokuqondisisa ukusiza othisha ukuze bakwazi ukuhola ukufunda ngamaqembu emakilasini.

ISBN 978-1-4315-2542-3

9 781431 525423

Rainbow WORKBOOKS

ISBN 978-4315-2542-3

**THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.**

basic education

Department:
Basic Education
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street, Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
First edition 2016

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

## Ezinye izincwadi eShalofini Lezincwadi zeBanga loku-1 zoLimi Lwasekhaya.

### Izinga loku-1

- Isele liya esikoleni
- Ngiyakwazi ukufunda
- Sonke siya esikoleni
- Usuku lwemidlalo yezilwane

### Izinga lesi-2

- Siyalithanda ibhola lezinyawo
- Ukugqoka
- UPhithiza uthola umngani omusha
- ULeli ilolí

### Izinga lesi-3

- Isikhukhukazana esibomvu
- U-Ann uya kudokotela
- Iphupho likaDudu